

الإسلام دين رسل الله (للجمعية)

**I-Islam inkolo yeziThunywa
zika-Allah.**

I-Islam inkolo yeziThunywa zika-Allah.

I-Islam ukuzinikela ku-Allah, uMdali wendalo yonke noMbusi wayo, nokumthobela ngothando nangenhlonipho. Isisekelo se-Islam ukukholelwa ku-Allah; ukuthi unguMdali, nokuthi konke ngaphandle kwaKhe kuyindalo, futhi nguYena kuphela ofanele ukukhonzwa Angabhangqwa nalutho. Akekho ofanele ukukhonzwa ngeqiniso ngaphandle kwaKhe. UnamaGama amahle kakhulu neziMfanelo eziphakeme kakhulu, futhi Uphelele Akanasici. Akazali futhi Akazalwanga, futhi akekho olingana naYe nofana naYe. Akangeni endalweni yaKhe futhi Akasithathi isimo sayo.

I-Islam iyinkolo ka-Allah Ophezukonke, Ongamukeli enye inkolo kubantu ngaphandle kwayo, futhi iyona nkolo eyeza nazo zonke iziThunywa, ukuthula kube kuzo.

Enye yezisekelo ze-Islam ukukholelwa kuzo zonke iziThunywa, nokuthi u-Allah Wathumela iziThunywa ukuze zidlulisele imiyalelo yaKhe ezidalweni zaKhe, futhi Wehlisela kuzo iziNcwadi. Esokugcina kuzo kwakungu-Muhammad, ukuthula kube kuye. U-Allah wamthumela nomthetho ongqwele wokugcina, ochitha imithetho yeziThunywa ezamandulela. U-Allah Wamsekela ngezibonakaliso ezinkulu, esikhulu kunazo zonke yiKur'an Ehloniphekile, Izwi leNkosi yendalo yonke. Incwadi enkulu kunazo zonke ezaziwa

ngabantu, iyisimangeliso ngalokho ekuqukethe, nangamazwi ayo, nasekuhlelweni kwayo. Kuyo kunokuholelwa eqinisweni elifinyelelisa enjabulweni yakulomhlaba nakweLizayo. Futhi igciniwe kuze kube namuhla ngolimi lwesi-Arabhu eyembulwa ngalo, Ayikaze yashintshwa futhi yaguqulwa, ngisho nohlamvu olulodwa.

Okunye kwezisekelo ze-Islam, ukukholelwa eziNgelosini, nokukholelwa oSukwini Lokugcina, usuku lapho u-Allah Ezovusa abantu emangcwabeni abo ngoSuku Lokuvuka Kwabafileyo ukuze Abahlulele ngezenzo zabo. Ngakho-ke, lowo owenza izenzo ezilungile ekubeni eyikholwa, okwakhe yinjabulo engapheli eZulwini, kanti lowo owaphika ukholo wenza nezenzo ezimbi, okwakhe yisijeziso esikhulu eMlilweni. Futhi phakathi kwezisekelo ze-Islam kukhona ukukholelwa kulokho u-Allah Akunqumileyo, kungaba okuhle noma okubi.

Ama-Muslim akholwa ukuthi uJesu uyinceku ka-Allah nesiThunywa saKhe, nokuthi akayona indodana ka-Allah; ngoba u-Allah Mkhulu kakhulu, ukuthi angaba nonkosikazi noma nendodana. Kodwa u-Allah Wasitshela kwiKur'an ukuthi uJesu wayeyisiThunywa u-Allah Asipha izimangeliso eziningi nokuthi u-Allah wamthuma ukuba amemele abantu bakubo ekukhonzeni u-Allah Yedwa Angabhangqwa nalutho. Futhi Wasitshela ukuthi uJesu akazange afune kubantu ukuthi

bamkhonze, kodwa kunalokho yena wayekhonza uMdali wakhe.

I-Islam iyinkolo ehambisanayo nemvelo yomuntu nengqondo engaphazamisekile, futhi imiphefumulo elungile iyayemukela. UMdali wayimisela izidalwa zaKhe, futhi iyinkolo yobuhle nenjabulo yabo bonke abantu. Ayibandlululi uhlanga ngaphezu kolunye, noma ibala ngaphezu kwelinye, futhi abantu bayalingana kuyo; akekho noyedwa ovelelayo kwi-Islam kunabanye ngaphandle kwangezinga lezenzo zakhe ezilungileyo.

Kuphoqelekile kuwo wonke umuntu onengqondo ukuthi akholelwe ku-Allah njengeNkosi, nakwi-Islam njengenkolo, nakuMuhammad (ukuthula nezibusiso zika-Allah kube kuye) njengesiThunywa, futhi lokhu kuyinto umuntu angenakho ukuzikhethela kuyo; ngoba u-Allah Uzombuza ngoSuku Lokuvuka Kwabafuleyo ngendlela aphenhula ngayo iziThunywa; uma engokholwayo, okwakhe kuyoba ukunqoba nempumelelo enkulu, kodwa uma engongakholwa, okwakhe kuyoba ukulahlekelwa okusobala.

Futhi lowo ofisa ukungena kwi-Islam kufanele athi: (Ngiyafakaza ukuthi akukho ofanele ukukhonzwa ngeqiniso ngaphandle kuka-Allah, futhi ngiyafakaza ukuthi uMuhammad uyisiThunywa sika-Allah), eyazi incazelo yalamazwi futhi ekholwa yiwo, futhi ngalokhu uba

yiMuslim. Bese efunda neminye imithetho ye-Islam kancane kancane; ukuze afeze lokho u-Allah Akwenze kwaba yimpoqo phezu kwakhe.

Ngemininingwane eyengeziwe:

الفهرس

I-Islam inkolo yeziThunywa zika-Allah.....	2
--	---

zu364v2.0 - 04/09/2026